Zithathele futhi uprinte le PDF kule ngosi www.jw.org/zu

# UJakobe No-Esawu

GENESISE IZAHLUKO 25-33

Khetha izinto ezithandwa futhi ezifanelana nezidingo zomntanakho. Xoxani ngalezi zinto njengomkhaya.





## FUNDANI UGENESISE 32:3–33:20

Ngemva kwalokho, fundani indaba yeBhayibheli elandiswa ngezithombe (engosini noma kuyi-PDF enyathelisiwe), bese nixoxa ngemibuzo ekupheleni kwesifundo.

**ZAMA LOKHU:** Cela abantabakho bacabange ngesiphetho esihlukile sale ndaba. Ngokwesibonelo, kwakuyokwenzekani ukube uJakobe wanquma ukulwa no-Esawu namadoda angamakhulu amane ayekanye naye kunokumthumelela izipho? Ungalalela nedrama elalelwayo ekhuluma ngoJakobe no-Esawu enesihloko esithi "Ukwazisa Ifa Lethu Elingokomoya." Zithathele le drama engosini ethi www.jw.org/zu/Izincwadi/AmaDrama.

## IZINTO EZENGEZIWE ONGAZIPRINTA




### UKUFUNDA NGEZITHOMBE

**IKHASI OKUDINGEKA LIFAKWE IMIBALA** Abantwana abancane: Cela abantwana bafake imibala kulesi sithombe. Bacele bachaze ukuthi kwenzekani kuso.




### OKUNGASETSHENZISELWA UKUTADISHA

**IZINDAWO** Okwabantwana asebekhulile: Bacele bagcwalise amagama ezindawo ezavakashelwa uJakobe.




### WAGCINE UPHINDE UWAFUNDE

**IKHADI LOMLINGISWA WASEBHAYIBHELINI** Funda umlando. Buza imibuzo esekhadini. Usebenzisa izikhathi ezibonISwe kuleli khadi nakwamanye onawo, siza abantwana bakho balandelanise laba balingiswa baseBhayibhelini ngokwezikhathi abaphila ngazo.

www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania